Need an amazing tutor?

www.teachme2.com/matric

Collected and collated by

teachme2

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/
NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESITHATHU (P3)

2023

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: Amahora ama-2½

Leli phepha linamakhasi ayi-6.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A:	Indaba	(50)
ISIQEPHU B:	Imibhalo emide edlulisa imiyalezo	(30)
ISIQEPHU C:	Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo	(20)

2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.

3. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.

4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.

5. Hlela umsebenzi wakho ngamaphuzu (uhlaka) noma ngebalazwe (mind map), ulungise amaphutha bese uyawufundisisa. Uhlelo/uhlaka MALWANDULELE umbhalo ngamunye.

6. Ukuhlela makukhonjiswe ngokubhala igama elithi uhlelo/uhlaka bese kuyethulwa. Kuyancomeka ukuba kudwetshwe umugqa phezu kwemisebenzi yonke yokuhlela.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A:	Amaminithi angama-80
ISIQEPHU B:	Amaminithi angama-40
ISIQEPHU C:	Amaminithi angama-30

8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.

9. Nikeza impendulo NGAYINYE isihloko esifanele.

10. UNGAZIBALI izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.

11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIQEPHU A: INDABA

UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama-240.

QAPHELA: Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

1.1 Uhambo Nomndeni Wami Engingasoze Ngalukhohlwa. **[50]**

1.2 Inhlonipho. **[50]**

1.3 Okwangisiza Ukuze Ngizethembe. **[50]**

1.4 Ukufundela Izivivinyo Zokuhlolwa Niyiqembu Kungaba Nemiphumela Emihle noma Emibi. **[50]**

1.5 Kungabe Izithombe Zikamabonakude Ziyalugqugquzela Yini Udlame Emphakathini? **[50]**

Izithombe ezilandelayo zichukuluza imizwa kanye nemicabango.

Khetha isithombe ESISODWA ubhale ngaso indaba. Bhala inombolo yombuzo (1.6, 1.7 noma 1.8) bese uyinika isihloko indaba yakho.

QAPHELA: Indaba yakho mayihambisane nesithombe/nokwenzeka esithombeni.

1.6

[Sicashunwe ku-www.google.com] **[50]**

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

1.7

[Sicashunwe ku-www.google.com] **[50]**

1.8

[Sicashunwe ku-www.google.com] **[50]**

AMAMAKI ESIQEPHU A: 50

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 2

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

2.1 **INCWADI YAKOMKHULU/ESEMTHETHWENI**

Ibhasi elihamba edolobheni langakini lithutha/lihambisa izingane zesikole nabantu abadala ngesikhathi esisodwa. Lokhu kwenza izinkinga ezinkulu ngendlela izingane zesikole eziphathwa kabi ngayo.

Bhalela umphathi wenkampani yalawa mabhasi **incwadi yesikhalazo** mayelana nalolu daba. **[30]**

2.2 **I-IMEYILI**

Ubufunda ibanga le-12 waphumelela ngamalengiso, manje awunayo imali yokuqhuba izifundo zakho esikhungweni semfundo ephakeme.

Bhala **i-imeyili** uyibhekise kusomabhizinisi wangakini uNkosikazi Mpama ucele umfundaze. **[30]**

2.3 **UMLANDO NGOMUFI**

ULinda Sixolo oneminyaka engama-20 ushone engozini yemoto ngenkathi iqembu labo lezemidlalo liphuma kodlala. Umndeni ukucele ukuba ubhale umlando wakhe njengoba ubusondelene naye.

Bhala **umlando** ngomufi. **[30]**

2.4 **INKULUMO-MPENDULWANO/INGXOXO**

Ukugqoka izingubo ezinamagama abizayo (brands) kuyinto eyenziwa kakhulu ngabantu abasha. Ubaba wakho akafuni nokuyizwa eyezingubo ezibizayo uma ucela ukuba akuthengele.

Bhala **inkulumo-mpendulwano** ephakathi kwakho nobaba wakho ngalolu daba. **[30]**

AMAMAKI ESIQEPHU B: 30

Need an amazing tutor? www.teachme2.com/matric

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO

UMBUZO 3

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 **IKHADI LESIMEMO**

Buka isithombe esilandelayo bese ubhala ikhadi lesimemo elihambisana nesithombe.

[Sicashunwe ku-www.google.com]

Bhala **ikhadi lesimemo** elihehayo. **[20]**

3.2 **IDAYARI**

Njalo ngonyaka kuba nomncintiswano/umqhudelwano wabathanda ukucula nokudansa ezindlini zakwa SABC e-Auckland Park. Ungomunye wabazongenela lo mncintiswano kulo nyaka.

Bhala **idayar**i yezinsuku ezinhlanu ngamalungiselelo ozowenza ngaphambi kokuyongenela lo mncintiswano/mqhudelwano. **[20]**

3.3 **IMIYALELO**

Ngaphambi kokubhala iphepha ngalinye lokuhlolwa kwebanga le-12 kokuphela konyaka, kunemiyalelo eqikelelwayo ngabahlolwayo.

Bhala **imiyalelo** okufanele abafundi bayilandele. **[20]**

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20
AMAMAKI ESEWONKE: 100